ISIFUNDO SABANTU
ABADALA SESIKOLE
SESABATHA

4 IMFUNDO

Okuqukethwe

1 Imfundo Ensimini Yase-Edene—*Mandulo 26 - Octhoba 2* 120

2 Umndeni—*Okthoba 3-9* 128

3 Umthetho NjengoThisha—*Okthoba 3-9* 144

4 Amehlo KaJehovah: Ukubuka Izwe NgokweBhayibheli—*Okthoba 3-9* 152

5 UJesu NjengoThisha Omkhulu—*Okthoba 24-30* 160

6 Ezinye Izifundo KuThisha Omkhulu—*Okthoba 31 - Novemba 6* 168

7 Ukukhonza Emfundweni—*Novemba 7-13* 176

8 Imfundo NokuHlengwa—*Novemba 14-20* 184

9 Ibandla Kanye NeMfundo—*Novemba 21-27* 192

10 Imfundo Kwezobuciko NeSayensi—*Novemba 28 - Disemba 4* 200

11 UmKristu kanye Nomsebenzi— *Disemba 5-11* 208

12 ISabatha: Ukuba Namava kanye Nokuphila Isimilo SikaNkulunkulu— *Disemba 12-18* 216

13 Izulu, Imfundo, kanye Nokufunda Kwaphakade—*Disemba 19-25* 224

Ihhovisi Lokuhlela:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele Kwi-Website Yethu:
http://www.absg.adventist.org

Ababhali Abaqavile:
Seventh-day Adventist College Presidents

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Isekela LoMhleli:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela:
Lea Alexander Greve

Umsizi WoMhleli:
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi We-Pacific Press®:
Tricia Wegh

Art and Design:
Lars Justinen

Ohumushele Olwimini LwesiZulu:
Dumisani Bhengu

© 2020 I-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Akukho ngxenye yeSifundo Sesikole SeSabatha Sabadala engahlelwa, iguqulwe, ihumushwe noma ishicilelwe yinoma ngubani ngaphandle kwemvume elotshiwe ephuma kwi-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Ama-division offices e-General Conference yama-Seventh-day Adventists® anikeziwe igunya lokuhumusha Isifundo Sesikole SeSabatha Sabadala, ngaphansi kwemibandela ethile. Ama-Copyright alokhu kuhumushwa azosala e-General Conference. "Seventh-day Adventist," "Adventist" kanye nophawu lwelangabi kubhalisiwe ngaphansi kwe-General Conference of Seventh-day Adventists® futhi akuvumelekile ukuba kusetshenziswe ngaphandle kwemvume ephuma e-General Conference.

Isifundo Sesikole SeSabatha Sabantu Abadala silungiswe yihhovisi leZifundo Zesikole SeSabatha Zabantu Abadala le-General Conference yama-Seventh-day Adventist. Ukuhlelwa kwezifundo kuphansi kokuqondiswa yiKomidi LeZifundo Zesikole seSabatha lomhlaba wonke, elimalungu alo angabahleli abelulekayo. Isifundo esishicilelwe siwumphumela wekomidi, kanjaloke akuwona umbono womhleli noma abahleli.

Izihumusho ZeBhayibheli
Izibhalo ezicashuniwe lapha ezingezona eze-King James Version zicashunwe ngemvume, kuLesisifundo se-Fourth Quarter 2020, ngokulandelayo:
Message. The Message. Copyright © 1993, 1994, 1995, 1996, 2000, 2001, 2002. Lisetshenziswe ngemvume ye-NavPress Publishing Group.
NIV. Lezindimana zicashunwe eBhayibhelini eliNgcwele, i-New International Version. Copyright © 1973, 1978, 1984, 2011 yi Biblica, Inc. Lisetshenziswe ngemvume. Onke amalungelo agodliwe.
NKJV. Lezizindimana eziphuma kwi-NKJV ziphuma kwi-New King James Version. Copyright © 1979, 1980, 1982 by Thomas Nelson, Inc. Lisetshenziswe ngemvume. Onke amalungelo agodliwe.
NLV. New Life Version, copyright © 1969, 2003. Isetshenziswe ngemvume ye-Barbour Publishing, Inc., Uhrichsville, Ohio 44683. Onke amalungelo agodliwe.
NRSV. New Revised Standard Version of the Bible, i-copyright © 1989 nge-Division of Christian Education of the National Council of the Churches of Christ in the U.S.A. lisetshenziswe ngemvume. RV. The Holy Bible, Revised Version, Oxford University Press, 1911.

Imfundo YobuKristu

"Ukwesaba uJehovah kungukuqala kokuhlakanipha, futhi nokwazi Lowo oNgcwele kungukuqonda" (Izaga 9:10, NKJV).

Cabanga ngendimana engenhla. Iqukethe, empeleni imiqondo emibili ehlobene: "ukwesaba," njengasekumangaleni enkazimulweni kanye nasemandleni kaNkulunkulu; kanye "nolwazi," njengasekufundeni iqiniso mayelana nesimilo SikaNkulunkulu. Yingakho, ukuhlakanipha, ulwazi, kanye nokuqonda kugxile kuNkulunkulu.

Lokhu kwenza umqondo ophelele. Nembala, uNkulunkulu yisisusa sabo bonke ubukhona, nguYena owadala futhi nophasa bonke ubukhona (Johane 1;1-3; Kol. 1;16, 17). Noma yini esiyifundayo, noma yini esazi ngako—izinhlayiya zesisekelo zakho konke, amacimbi, izinkayezi ezigqama ngokuzuma, izingelosi, amadimoni, "imibuso namandla ezindaweni ezisemazulwini" (Efes. 3:13), konke—kukhona ngenxa kaNkulunkulu kuphela. Ngalokho, lonke ulwazi lweqiniso kanye nokuhlakanipha kanye nokuqonda ekugcineni kusuka kuJehovah.

Izibhalo zisobala: :UNkulunkulu uluthando" (1 Johane 4:8), okuchaza lesisicaphuno sika-Ellen G. White: Uthando, isisekelo sendalo kanye nosindiso, yisisekelo semfundo yeqiniso. Lokhu kuba sobala emthethweni uNkulunkulu awunikeze njengesiqondiso sempilo. Umthetho Wokuqala nomkhulu kunayo yonke uthi, 'Uyakuthanda uJehovah uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke, nangomphefumulo wakho wonke, nangamandla akho onke, kanye nangomqondo wakho wonke.' Luka 10:27. Ukuthanda Yena, ongunaphakade,

owazi konke, ngamandla onke, ngomqondo wonke, nenhliziyo yonke, kusho ukuthuthuka okusezingeni eliphezulu kwawo onke amandla. Kuchaza ukuthi ebuntwini bonke—umzimba, ingqondo, kanye nomphefumulo—umfanekiso kaNkulunkulu kumele uvuselelwe." –Education, p. 16.

Ngenxa yokuthi uJehovah yisisusa salo lonke ulwazi lweqiniso, yonke Imfundo yeqiniso, yonke Imfundo yobuKristu kumele ibhekise imiqondo Kuye futhi nasekuzambuleni Kwakhe. Ngendalo, ngeZwi Elilotshiweyo, ngesambulo sikaKristu kuleloZwi Elilotshiweyo, sinikezwe konke esikudingayo, kanye nokwengeziwe, ukuba sifike ebudlelwaneni obusindisayo neNkosi yethu futhi, nembala, ukuba simuthande Yena ngenhliziyo nangomphefumulo wonke. Nendalo, ingcoliswe yizinkulungwane zeminyaka yesono, isakhuluma, futhi ngokuqinileyo, ngokulunga kanye nesimilo SikaNkulunkulu uma ifundwa ngeso elivezwa yiZibalo. Kepha Izwi Elilotshiweyo, Izibhalo, lingumgomo ophelele weqiniso, isambulo esikhulu esinaso sokuthi uNkulunkulu Ngubani futhi yini asenzele yona nayenzela isintu. Izibhalo, kanye nombiko wazo ngendalo kanye nosindiso, kumele zibe ngumongo wayo yonke Imfundo yobuKristu.

Umpostoli uJohane wathi uJesu Kristu unguku "Khanya, okukhanyisa wonke umuntu oza emhlabeni" (Johane 1:9). Ngamanye amazwi, njengalokhu kungoJesu kuphela wonke umuntu ephila, ngoJesu wonke umuntu wamukela imisebe yokukhanya okungcwele, ukuqonda okuthile kweqiniso nokulunga okuphakeme.

Nakuba kunjalo sisempini, impikiswano enkulu, lapho kuyo isitha semiphefumulo sisebenza ngokuzikhandla ukusivimbela ekwamukeleni lolulwazi. Ngalokho, noma ngabe yini enye equkethwe yimfundo yobuKristu, ngokusobala kumele isize abafundi ukuba baqonde kangcono ukukhanya uNkulunkulu asinikeza kona kusuka ezulwini.

Uma Kungenjalo, pho? Njengoba kwasho uJesu, "Kuyomzuzelani umuntu, ukuba azuze izwe lonke, bese elahlekelwa ngumphefumulo wakhe na?" (Marko 8:36). Iyini Imfundo ephakeme kwezesayensi, noma izibhalo, noma kwezomnotho, noma kwezobuchwepheshe uma, ekugcineni, ubhekana nokufa Kwesibili echibini lomlilo na? Impendulo isobala, akunjalo na?

Yingakho kunalesisihloko kulesisifundo salonyangantathu. Kusho ukuthini ukuba "nemfundo yobuKristu," futhi thina njengebandla singenza kanjani, ukuba sithole indlela yokuba amalungu ethu akwazi ukuthola lemfundo na?

Lesisifundo Sabantu Abadala sibhalwe ngomongameli abehlukene bamakolishi nama-university ama-Seventh-day Adventist e-North America.